AMAZWi ORULILA ENKONZWENI YOKUGCINA
YOMNTWANA U-REV AZARIAH KA FUNDUKUTHOLWA KA DINUZULU

OMNTWANA UMANGOSUTHU BUTHELEZI

ESIGODLWENI ENSINDENI 21 MAY 2011

Noma uMntwana ebesegulile isikhathi eside nokho kithi sonke ebesimthanda ithemba belilokhu likhona ukuthi uzobangcono. Noma sesihlasele kakhulu isifo besilokhu simbonga uSimakade nxa uMntwana weNkosi esaphefumula.

Yingakho-nje noma ngenxa yokuyaluza kwami ngingenaso isinqe ekhaya, ngithe nxa ngifika ngashageka kakhulu uma ngizwa ukuthi uMntwana sekuze kwamenela ukufa.

Siyazi sonke ebesimazi engowakwethu ukuthi uMntwana waziqokela uNkulunkulu esemusha empilweni yakhe. Njengoba sonke esimaziyo uMntwana ubenguthisha iminyaka eminingi efundisa eNhlazatshe.  Okuthe nxa - uMbhishobhi neSifunda-Mbhishobhi saseZululand sikhuthaza labo abanemisebenzi abaphila ngayo ukuthi nxa bezwa ubizo lobufundisi banikwe ithuba lokubangabefundisi abazondla bona. Ngamanye amazwi ukuba basebenzele iNkosi njengezinceku zakhe abefundisi, abangaholelwayo yiSifunda-Mbhishobhi. UMntwana wazinikela ukuba abenguMfundisi ozondlayo. Nangaphambili kwalokho uMntwana engakabinguye uMfundisi wayevele elisebenzela iBandla lakwabo eSt Maryâ\200\231s lapha eNkonjeni.

Sathokoza thina bakwabo nxa oweSilo ezinikela kanjalo emsebenzini weNkosi. Futhi simbona  kumfanele uMntwana ukwenza lomsebenzi omkhulu noyimfihlakalo kaSimakade. ˜Kwasekukhuleni-nje kwakhe wayengafunimsindo uMntwana. Siyazi ukuthi thina Zulu sazisa ukuthi nxa sisuke sikhuluma ngokubusa sisuke sisho ukunatha. Kanti phela siyazi ukuthi isimangaliso sokuqgala seNkosi yethu uJesu yasenza eKhana laseGalile emshadweni lapho yaguqula amanzi aliwayini. Ngakho noZulu wayengadukile kangakho ukuthi umbuso wethu omkhulu yikho ukunatha. UMntwana wayenganathi, kodwa engababukeli phansi abanathayo njengoba sengichazile ngenhla. Lokhu nakho kwamnika esinye isizotha kanti vele wayengesiye umuntu okhulumela futhi. Okuningi ubezithulela-nje alalele lokho okukhulunywayo aphendule lokho abona ukuthi kakuphendule.

UMntwana ubenesizotha esasimfanele njengoMntwana weNkosi nanjengenceku kaSimakade. = Ukuhamba kwakhe emhlabeni kusishiya nokukhulu ukudabuka. Nanjengoba ukugula besekumgembule nasemsebenzini wakhe wenkonzo, besisikhulu isiknaia ebesesivuiekile emsebenzini we-Parish yakithi ngoba uMntwana ubesiza noma ngumuphu uMpristi ongu-Rector ophethe i-Parish, ethumeka noma kukuphi lapho uMfundisi ophethe i-Parish abona ukuthi angayovala khona isikhala emsebenzini weSifunda-Mpristi sase-St Maryâ\200\231s eNkonjeni.

UMntwana ubengemuva kwami ngokuzalwa. Ngumnewabo ongasekho naye uMntwana uNodwengu Wilfred owayenguntangayethu . UMntwana sekuchaziwe ukuthi wayezalwa nguMntwana waseNsindeni Omkhulu, uMntwana uFundukutholwa Mhuga Cuthbert ka Dinuzulu naye ongcwatshwe khona lapha emathuneni asesontweni lakithi e-St Mary’s. UMntwana wayemzala eNdlunkulwini oKaMasotsha, uNomabhayi waseMaMbatheni ongowakubo woMfundisi uCanon Hamilton Mbatha. Ngidabuke kakhulu nxa sengizwa ukuthi usehambile uMntwana ngoba uBaba uCanon Mbatha wayesangithume ukubikela iSilo SamaBandla, iNgonyama ukuthi ubona sengathi bona nzalo kaMasotsha kabazange babonge ukuba iNdlunkulu iwudle umuzi woMntwana njengeNkosikazi. Ukufa-ke nakhu sekufika lokho kusahlelwa ngoba ubesandukungithuma khona uMfundisi ngingakabinathuba lokuya eSilweni.

UMntwana ongizalayo uMntwana uConstance Magogo ka Dinuzulu wayemazisa kakhulu umnewabo uMntwana ozala uMntwana lo kanye nomnawakhe uMntwana wakwaCelinhlanhla uMntwana uKhishwayisiphakanyiswa Cisho Shadrack ka Dinuzulu.
â\200\234UMKHAHLELI WENYANGA [YOKWELAPHA’

USIGAWULI SEMITHI EMIKHULU

EMINCANE IYAZIWELAâ\200\235

UMntwana ongizalayo wayazisana kakhulu nabanewabo bobabili uMntwana

uFundukutholwa ka Dinuzulu
â\200\234UMHUQA ODLA WODWA ENKONJENI,
USIVULAMBHEDE KUVELE UMESISI,
IMPISE’MATHE MABI

UNKOMO KAZIDLELANI

NEZIKANQODI KA DIKANA

ZINGAZE ZIDLELANE

NEZIKA MAQIYANA KA NGOBOZANAâ\200\235

Ekanye naye umnawakhe uMntwana uKhishwasiphakanyiswa Cisho ka Dinuzulu (uMkhahleli). Ukwazisana kwabo kwakusukela endabeni ababeyixoxa njalo yena uMntwana udadewabo, uMntwana uMagogo naye uMntwana uCisho nxa eKwaPhindangene kweseswe kubuswa. UMntwana wayaye axoxe ukuthi iNdlunkulu ezala aBantwana laba baseNsindeni esengibashilo iNdlunkulu oKaMgququbali wakwaKhumalo, unina wabo aBantwana wayenesifo sesifuba somoya.

